

UMbimbi usekhaya.

Ubona isicabucabu esikhulu.

Usibona efasiteleni.

Isicabucabu siyesabeka!

UMbimbi ufuna ukukhala.

Lesi sicabucabu sikhulu kakhulu!

UMbimbi uyazi ukuthi isicabucabu siyaluma.

Uyasesaba isicabucabu.





UMbimbi ubona imibala yesicabucabu.


Ubona ubuso besicabucabu obusabekayo.

Lesi sicabucabu esikhulu kangaka simbi!

UMbimbi ubiza umama wakhe.

Umama akasesabi lesi sicabucabu esikhulu.





Umama uthi, “Lesi sicabucabu angeke sikulimaze, Mbimbi. Izicabucabu ziyasisiza kakhulu. Izicabucabu zibulala izinambuzane ezimbi.”

Umama ususa isicabucabu esikhulu.

Isicabucabu siyacabuzela siyesuka efasiteleni.

UMbimbi usekhululekile.





UMbimbi usebona isinambuzane esilumayo. Sifuna ukuluma ikhala lakhe!

Usefisa ukuthi ngabe lesiya sicabucabu esikhulu sisekhona!